



basic education

Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

NATIONAL SENIOR CERTIFICATE

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWASEKHAYA (HL)

IPHEPA LOKUQALA (P1)

LWEZI 2022

AMAMAKI: 70

ISIKHATHI: Amahora ama-2

Leli phepha linamakhasi ayi-12.

IMIYALELO KANYE NOLWAZI KWABAHLOLWAYO

1. Leli phepha lehlukaniwe IZIQEPHU EZINTATHU:
ISIQEPHU A: Isivivinyo sokuqondisisa (30)
ISIQEPHU B: Ukufingqa (10)
ISIQEPHU C: Izakhiwo nezimiso zokusetshenziswa kolimi (30)
2. Funda YONKE imiyalelo ngokucophelela.
3. Phendula YONKE imibuzo ekuleli phepha.
4. Qalisa ISIQEPHU NGASINYE ekhasini ELISHA.
5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.
6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenzisiwe ephepheni.
7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.
8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.
9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:
ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40
10. Bhala ngobunono futhi kubonakale.

ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

Fundisisa UMBHALO A ubuye ubukisise NOMBHALO B ongezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO A (OFUNDWAYO)**UNGAYISINDISA IMPILO NGEZITHO ZAKHO ZOMZIMBA**

- | | | |
|---|--|----------------|
| 1 | <p>Ukunikela ngezitho zomzimba yinqubo eyenzeka lapho umuntu ethatha isinqumo sokunikela ngezitho zakhe zomzimba komunye umuntu ngaphandle kokuphoqwa. Olunye uhlobo lokunikela lubandakanya ukuvuma ukuthi isitho sakho somzimba sikhishwe usaphila siyofakwa komunye umuntu. Isinqumo sokunikela ngezitho zomzimba singaphinde sithathwe ngemvume yelungu lomndeni osondelene kakhulu nomufi nanoma yena engasawadli anhlamvana. Nayo le ndlela ithathwa njengevumelekile.</p> | 5 |
| 2 | <p>Emhlabeni wonke jikelele kunezigidi zabantu asebethathe isinqumo sokuthi baphonse itshe esivivaneni ngokuthi basayinde, bavume ukuba ngabanikeli bezitho zomzimba. Lesi sibalo singabonakala sisikhulu kepha sincane kakhulu. Kunegebe elikhulu elivuleka nsuku zonke lesibalo sabantu abasemgqeni abamele lolu sizo lokuthola izitho zomzimba. ENingizimu Afrika iyodwa nje sesevile ezinkulungwaneni ezine isibalo sabaludingayo lolu sizo. Kunjalo nje mihla namalanga siyakhula isibalo sabagcina bendela koyisemkhulu bengasizakalanga ngenxa yenani elikhulu labantu abadinga ukusizakala.</p> | 10
15 |
| 3 | <p>Lesi sibalo sibandakanya lonke uhlobo lwabantu, kubalwa abadala ngisho nezingane ezisanda kuzalwa imbala. Kwesinye isikhathi kuke kwenzeka ukuba kusizakale umuntu ozalwe enezingqinamba ezithile okudingeka ukuba alekelelwe ngokuba kukhishwe isitho azalwe naso esingasebenzi. Abanye abantu bathola ukukhubazeka ngenxa yezingqozi abahlangabezana nazo. Bonke laba bantu bayaludinga usizo oluphuthumayo lokuthola izitho zomzimba ezinikelwayo ngoba abanye bangagcina beye kwagoqanyawo bebe bekhona abantu abangakwazi ukubasiza.</p> | 20 |
| 4 | <p>Usizo lwalolu hlobo lokunikela ngezitho zomzimba luvamise ukugxekwa imindeni. Abozalo bayaye bakhathazeke kakhulu baze benze amasikwana athile lapho kushone ilungu lomndeni ebeselengenazo izitho zomzimba eziphelele. Kunxuswe izinyanya zakubo ukuba zimamukele zivikele nemikhokha engabangwa yisitho esihlukene nomzimba. Lokhu kusala kube yinkinga kubantu abaphilayo ngenxa yezinqumo ezathathwa ngabantu abangasekho ngezitho zabo zomzimba besaphila uma bengawazisanga umndeni ngezifiso zabo. Lokhu kuletha ukudideka ngoba amalunga omndeni angala apethe ukulandela leso sivumelwano. Abomndeni baphinde banezezele ngokuthi angeke abaphansi bamemukele engasaphelele. Nalo mbono nezinsolo zidalwa ngukwesaba ngenxa yokuthi kukho konke lokhu inkonyane isethuka isisinga.</p> | 25
30
35 |


- 5 Abantu bangeye nganxanye bengemanzi. Bakhona kweminye imindeni abakuthokozelayo ukuthi kube khona abasizakalayo ngalo mnikelo oyingqayizivele osindisa imiphefumulo. Ingani kuke kwenzeke ukuthi abanye bayalifafaza leli vangeli ngenxa yokuthi nabo bake baluthola usizo olufana nalolu, baze babale nokusizakala ngegazi elinikelwayo mihla namalanga. 40
- 6 Ulwazi lokunikela ngezitho zomzimba luyasweleka. Okusuke kuxake yikho ukuthi nezifundiswa imbala ezifunde zagogoda zifike ziyime emthumeni. **Kusuke kungakhulunywa amampunge uma kuthiwa umuntu ufunda aze afe.** Kuningi kakhulu okungelona iqiniso uma kuza kwezokunikela ngezitho zomzimba okuba yimbangela yokuthi babe baningi abahudula izinyawo ukunika lolu hlobo losizo. Okufike kukhathaze izinkolelo zabantu abanengi abangenalo ulwazi olufanele. Bathi uma ususayinde amafomu okuthi uyavuma ukuba izitho zakho zisetshenziswe odokotela uma usushonile, esibhedlela bavele bakuphuthume bakuhlinza ukuze bathathe izitho ngaphandle kwesiqiniseko sokuthi usushonile ngempela noma usaqulekile. Lokhu akulona iqiniso, kunalokhu nguweni abazama ukukusindisa kakhulu kunalowo muntu abangamsindisa ngezitho zakho. Ogulayo akalokothwa ahlinzwe engakashoni, nengqondo yakhe isasebenza. 45
- 7 Indlela yokuthuthukisa ukusindisa impilo yabantu, abasemkhakheni wezempilo bathuthukise ulwazi lwabo ngokusungula nokwenza ucwaningo ngokusebenzisa izitho zomzimba. Lezi zitho ezinikelwa ngabantu okungaba amehlo, inhliziyo, izinso, amaphaphu zenza kube lula futhi ucwaningo lwabo lube yimpumelelo ngoba abacwaninga ngakho kungokwangempela. Umphumela walolo cwano uba ngoweqiniso. Olunye ucwaningo lubonakalisa ukuthi nabantu bafisa ukufakelwa izitho zangempela okungezabantu kunalezo ezivamise ukuba ngezokwenziwa noma ezezilwane kusetshenziswa ezobuchwepheshe bamanje. 55
- 8 Zikhona-ke nokho izinselelo zokunikela ngezitho zomzimba kulabo asebeshonile ngoba abakwazi ukuzikhethela ukuthi izitho zabo zinikwa bani. Ngenxa yobugebengu osebungcolise umhlaba wonke, bakhona labo abangosomathuba abasebenzisa leli thuba ukufeza izinhloso zabo. Bayalisebenzisa leli thuba ngokuthatha lezi zitho zomzimba bazidayisele abasebenzi bomnyango wezeMpilo abakhohlakele. Obunye ubunzima ngukuthi onikelayo kufanele naye ahlinzwe ukuze kukhishwe lesi sitho sakhe somzimba okungaholela ekutheni ophe ngokwedlulele. Kwesinye isikhathi naye agcine esedinga usizo lokunikelelwa ngegazi noma kuphazamiseke ezinye izitho zomzimba. Lokhu kungagcina sesithola ukuthi umlungisi uzithela isisila. 60
- 9 Likhulu iqhaza elingabanjwa ngabantu ukusiza labo abamizimba ibuthakathaka. Singephike ukuthi baningi abantu abasiza abanye abantu ngezindlela ezahlukene njengokuxhasa ngemali. Ukusiza ngokunikela ngesitho somzimba yindlela emnene, enobuqhawe abantu abangasindisa ngayo impilo yabantu abanengi. Lesi yisipho abantu abangaqhubeka banikele ngaso noma sebendele koyisemkhulu. 75

[Sithathwe ku-<https://www.toppr.com> sahunyushwa kabusha]

KANYE NO

Bukisisa lezi zithombe ezingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO B (OBUKWAYO)



[Zithathwe ku-[dreamstime/wikihow.com](http://dreamstime.com/wikihow.com)]

IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)

- 1.1 Yiziphi izindlela EZIMBILI okunganikelwa ngazo izitho zomzimba? Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)
- 1.2 Sizathu sini esenza ukuba abantu abaningi abadinga usizo lokuthola izitho zomzimba bagcine sebeshonile? (2)
- 1.3 Chaza kafushane ukuthi yibaphi abantu abadinga usizo lokunikelelwa ngezitho zomzimba. (2)
- 1.4 Nikeza okungumehluko mayelana nokunikela kwezitho zomzimba okutholakala esigabeni sesi-4 kanye nasesigabeni sesi-5. (2)
- 1.5 Khetha impendulo EYODWA enembayo kulezi ozinikiwe. (1)

Isimo sokukhuluma esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-4 sichaza ukuthi uzobuye ...

- A abone okubi.
- B ajwayele okusha.
- C aqale kabusha.
- D athole angakwazi.

(1)

- 1.6 Chaza umqondo owethulwa isigaba sesi-7 kulesi siqeshana. (3)
- 1.7 Iyini inhloso yombhali yokubhala lesi siqeshana? (2)
- 1.8 Ucabanga ukuthi yiziphi izindlela ezingasetshenziswa ukugqugquzela abantu ukuthi banikele ngezitho zomzimba? (2)
- 1.9 Hlaziya isitatimende esibhalwe ngokugqamile esigabeni sesi-6. (2)
- 1.10 Phawula ngokuhambelana phakathi kwesiqephu nesimo sokukhuluma esidwetshelwe esiphethweni salesi siqeshana. (2)

KANYE NO**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

- 1.11 Yisho ukuthi yini eyenzeka esithombeni soku-1. (2)
- 1.12 Nikeza OKUBILI okungumehluko okutholakala esithombeni sesi-2 kanye nasesithombeni sesi-3. (2)
- 1.13 Emuva kokufunda UMBHALO A ofundwayo isigaba sesi-7 kanye nokubuka UMBHALO B obukwayo isithombe sesi-4, yamanisa okuqukethwe yile mibhalo. (4)
- 1.14 Ngokubona kwakho, yikuphi okungenziwa ukuzama ukufundisa abantu ukuthi bakubone kubalulekile ukunikela ngezitho zomzimba. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (UMBHALO C) simayelana nezindlela zokugwema ukuchitha isikhathi esiningi kumabonakude.

QAPHELA:

1. Fingqa lesi siqeshana esimayelana nezindlela zokugwema ukuchitha isikhathi esiningi kumabonakude usebenzise amagama akho angedluli kwangama-70.
2. Fingqa **ngesigaba KUPHELA**.
3. Ungabe usasibhala isihloko uma usufingqa lesi siqeshana.
4. Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

UMBHALO C**IZINDLELA ZOKUGWEMA UKUCHITHA ISIKHATHI ESININGI KUMABONAKUDE**

Ukuchitha isikhathi eside ngokungafanele kumabonakude kuyisifo esikhungethe abantu bonke. Umabonakude wenzelwe ukupholisa ingqondo, nokufundisa kepha uma usuwubuka ngokweqile uba yisifo esidinga ukufakelwa izibuko. Kunezindlela ezingalandelwa ukulapha lesi sifo. Bhala izinhlelo nesikhathi ozozibukela ngaso ukuze uqiniseke ukuthi awuchithi isikhathi ngokubuka izinhlelo ezingenasidingo kuwe.

Yiba nongakwenza njengemidlalo edlalelwa ngaphandle uma uzizwa unesizungu. Lokhu kwenza ingqondo yakho igxile kwenye into kunomabonakude. Okwenzayo kwabele isikhathi sakho esanele. Lokhu kuzokwenza ukuthi ungabuyeli endlini ugcine usubukela nezinye izinhlelo obungahlosile ukuzibukela. Uma wenza lokho isikhathi sakho uzosichitha ngendlela efanele.

Izingxoxo ongaba nazo nabangani noma umndeni zingakuhehela ekubukeni izinhlelo zikamabonakude. Gwema ukulalela ingxoxo yabo uma bexoxa noma bekuxoxela ngezinhlelo ongazibuki kumabonakude. Uma ungayigwemi le ngxoxo uzogcina usunesifiso sokuyozibonela okushiwo ngalezi zinhlelo, ufane noTomasi waseBhayibhelini.

Impilo yanamuhla idala ingcindezi. Izindawo okuhlalwa kuzo ezingaphephile, imisebenzi esetshenzwayo, isiminyamina sezimoto ezisemgwaqeni zibeka impilo engcupheni. Konke lokhu kugcina kubangela ukuthi abantu bathole indlela yokususa ingcindezi uma befika ekhaya. Umabonakude kuba yindlela okufinyeleleka kalula kuyo engaqeda ingcindezi. Abantu bagcina begqolozela umabonakude amahora ngamahora. Ukuze ugweme lokho, zifundele izincwadi, uhlanganyele namaqembu abafundi bezincwadi nixoxe ngalezo zincwadi enizifundile.

Igumbi lokulala lenzelwe ukulala kuphela. Bukela umabonakude nomndeni wakho endlini yokuphumula, ungawufaki egunjini lokulala. Lokhu kungadala ukuthi uqhubeke ubukele umabonakude kwezinye izikhathi uze uzumeke. Umabonakude ugcine usubuka wena. Ungagcina usulala phakathi kwamabili uhehwa yizinhlelo ezingapheli ozibukayo.

Wonke umuntu uyakudinga ukuthuthuka empilweni. Akukuningi okuzuzayo uma ubukela ezinye izinhlelo zikamabonakude. Uma kungekuningi okuzuzayo kulezo zinhlelo, sizathu sini esingenza uchithe isikhathi sakho kuzo? Thola indlela yokuchitha isikhathi enenzuzo nefundisayo, njengokwenza isivande utshale imifino, uzifundise ukubhaka amakhekhe uwathengise nokunye.

Ukuhlala njalo wedwa ugqolozele umabonakude kuyingozi, ungagcina ukhuluphala ngokweqile okungadala izifo. Lokhu kungaxhumani nabantu akukuhle, ugcina usuyinkomo edla yodwa. Ukuvakasha nokungebeleka kungasiza ekusebenziseni isikhathi kahle.

[Sithathwe ku-www.googlenews sahunyushwa kabusha]

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**UMBUZO 3: UKUHLAZIYA ISIKHANGISI**

Fundisisa lesi sikhangisi (UMBHALO D) bese uphendula imibuzo ezolandela.

UMBHALO D1 NO D2 (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)

D.1

ABAVIKELI BEMVELO ABAZIMELE

Ukongeka Kwemvelo Kusezandleni Zakho!

Ungalahli izingamu zikagwayi noma yikuphi.



[Sithathwe ku-www.googlepics sahunyushwa kabusha]

- 3.1 Shono ukuthi sibhekiswe kobani lesi sikhangisi. (1)
- 3.2 Chaza ukuthi kungani umbhali esebenzise ifonti enkulu emagameni asekuqaleni kwalesi sikhangisi. (2)
- 3.3 Ucabanga ukuthi yikuphi okunganqanda isihlava sokulahlwa kwezingamu zikagwayi phansi? (2)

D.2

PHILANI MAXHWELE ASSOCIATION

Hlukana nalo mkhuba!

Singochwepheshe kulokhu:

- . Indlela yemvelo yokuyeka ugwayi
- . Ukufundisa ngobungozi bukagwayi
- . Imikhuba emisha enempilo

SITHOLAKALA KU-www.philanimaxhwele.net
Umakhalekhukhwini: 067 001 2126
THATHA ISINQUMO ESIPHUSILE, UNGAZIFAKI EKUFENI UBHEKILE!



[Sithathwe ku-www.googlepics sahunyushwa kabusha]

3.4 Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:

Chaza ukuthi le thekisthi yesikhangisi ihleleke kanjani.

A Ukuqhathanisa nokwehlukanisa

B Isisusa nempendulo

C Inkinga nesixazululo

D Isiqalo nesiphetho

(1)

3.5 Kungani kusetshenziswe indlela ephoqayo kulesi sikhangisi ?

(2)

3.6 Hlaziya ukuhambelana kwesithombe esikulesi sikhangisi kanye nokukhangiswayo.

(2)

[10]

UMBUZO 4: UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Bukisisa UMBHALO E bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO E (OFUNDWAYO NOBUKWAYO)



[Icashunwe ku-www.HedgerHumor.com yahunyushwa kabusha]

- 4.1 Kungani kusetshenziswe igama elithi 'ngicela' efreyimini yoku-1. (1)
 - 4.2 Fingqa okwenziwa abalingiswa efreyimini yesi-2. (3)
 - 4.3 Sebenzisa igama elidwetselwe elitholakala efreyimini yesi-4 ukwakha umusho ukuze ukhombise ukuthi uyayiqonda incazelo yalo. (2)
 - 4.4 Qhathanisa ukusetshenziswa kwamazwi enkulumeni yowesifazane efreyimini yesi-3 kanye neyesi-4. (2)
 - 4.5 Phawula ngomyalezo odluliswa umdwebi wale khathuni. (2)
- [10]**

UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

Funda lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

UMBHALO F**UKUNGWEKA**

Ukungweka ngumdlalo omnandi kakhulu lapho izinsizwa zizwana khona amandla. Zisuke zingenanxa nalowo ezingcwekisana naye kodwa ziqinisana ukhakhayi ukuze zizohloniphana, kwaziwe ukuthi ubani ingqwele. Insizwa kumele iqinelwe ukhakhayi ukuze ingabi lula uma ihlangene nezinye izinsizwa. Ingazitholaphi izibongo insizwa uma ingumnqolo ogumbetsheni umachoba izintwala zikanina? Izibongo akuyona into olala ungenayo uvuke ekuseni usunayo kodwa zingamagalelo akho obuqhawe. Izibongo zensizwa zisuke zichaza imivimbo enayo emzimbeni eyithole kade ilwa, ivika, ithubeleza kunzima. 5

Ukuba nezibongo eziningi ukuthola ekungcwekeni ngoba usuke usufana nenkunzi emidwayidwa. Noma bengakubhaxabula kanjani ezimbanjeni kodwa ikhanda ngeke balinuke uma uyiqhawe ngoba uzobe ulivikela ngazo zonke izindlela. Uma sekuphelile ukungcweka akukho muntu obambela omunye igqubu. Phela izinsizwa amabhubesi, ziyaphelezela zifike zigezane igazi emfuleni. Hhiya Zulu, kusuke kungempi phela kodwa kusuke kungcwekwa nje. 10

[Umbhalo wokuziqambela]

- 5.1 Nikeza igama elenze umsebenzi wokuchaza emgqeni woku-1. (1)
- 5.2 Sebenzisa igama elingumqondophika kuleli elidwetshelwe emshweni ozakhele wona. (2)
- 5.3 Shono ukuthi le thekisthi eyisiqeshana ihleleke kanjani.
- Khetha impendulo enembayo kulezi ezilandelayo:
- A Iyachaza
B Iyaqhathanisa
C Iyayalela
D Iyehlukanisa (1)
- 5.4 Bhala imisho EMIBILI eqondile eyakhe umusho ombaxa osemgqeni wesi-9 nowe-10. (2)
- 5.5 Shono ukuthi isakhi esibhalwe ngokugqamile sisetshenziselweni. (1)
- 5.6 Phinda ubhale umusho osemgqeni wesi-7 kuya kowesi-8 unciphise igama elingundaweni. (1)
- 5.7 Hlaziya ukuthi isifengqo esitholakala emgqeni wesi-9 kuya kowe-10 sisetshenzisweleni. (2)

[10]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 30
AMAMAKI ESEWONKE: 70